



# UKUZIBOPHEZELA KWETHU EMPHAKATHINI

## UNGASITHOLA KUPHI

Isibhedlela saseGJ Crookes sitholakala ku 1 Hospital Road eScottburgh, amakilometre awu 45 usuka eThekwini.

- Inombolo yethu yocingo: 039 978 7000
- Inombolo yethu yesikhahlamezi: 039 978 1295
- Ikheli: Private Bag X 5501, Scottburgh, 4180

## UMBONO

Isibhedlela i G.J Crookes sizonikezela ngonakekelo lwezempilo olusizingeni eliphezulu kuzo zonke izakhamizi zesifunjana soGu olusenyakatho (Umdoni, Vulamehlo no Mzumbe osenyakatho)

## OKUPHOKOPHELELWE

Ukunikezela ngosizo lwezempilo oluhlanganyelwe olungenamkhawulo, oludidiyelwe futhi olwakhelwe onakekelweni lokuqala lwezempilo, ukuqhakambisa ezempilo, imithetho yama Batho Pele ngokubambisana nezinye izikhungo

## IZIMO EZIBALULEKILE

- **Strive:** Ukuphokophelela ukuqiniseka kokuxhumana okwanele nokuvulelekile ngaso sonke isikhathi
- **Ensure:** Ukuqinisekisa isithunzi nokuthobela ukwehluka kwezigaba zomphakathi
- **Render:** Ukunikeze umphakathi usizo olutholakalayo, olungamoshi noluseqopheleni eliphezulu.
- **Value:** Ukwazisa abasebenzi nezinsiza zokusebenza
- **Involve:** Ukuhlanganyela nezinye izikhungo ekwenzeni umsebenzi
- **Commit:** Ukuzibophezela eqophelweni eliphezulu ngokuthuthukisa amakhono nobunyoinco.
- **Evaluate:** Ukubuyekeza wonke umsebenzi wethu khona sizothuthuka

## USIZO OLUTHOLAKALA NGAPHAKATHI kubantu abalalisiwe nabangalalisiwe

- **Eziphuthumayo** – usuku lonke
- **Abagulayo** – usuku lonke
- **Abalimele** – usuku lonke
- **Izifo zabetesifazane** - usuku lonke
- **Ukwelashwa kwabantwana** - usuku lonke

- **Umtholampilo wamazinyo** - 07:00 – 16:00, Phakathi nezinsuku
- **Abagula ngokomqondo** - usuku lonke
- **Usonhlalakahle** - 07:00 – 16:00, Phakathi nezinsuku
- **Umtholampilo wamehlo**
- **Abaqeqeshela impilo esesimweni esijwayelekile** - 07:00 – 16:00, Phakathi nezinsuku
- **Usonhlalakahle** - 07:00 – 16:00, Phakathi nezinsuku
- **Umtholampilo wabagula ngengqondo** - 07:00 – 16:00, ngoLwesibili, ngoLwesithathu nangoLwesine
- **Clinical Support Services**
  - Laboratory Services
  - X-ray services & ultrasound
  
- **Imitholampilo nolunye usizo 13**
  - Gateway Clinic, fixed clinics & four mobile teams
  - Home based care
  - Community and outreach programmes
  - HIV & AIDS (VCT & PMCT sites & ARV programmes)
  - TB & STI Management programmes
  - Nutrition programmes
  - Baby friendly Hospital Initiative
  - School Health Services
  - Poverty Alleviation projects
- **EAP (Staff wellness programmes)** - 07:00 – 16:00, Phakathi nezinsuku
- **Esisebenzisana nabo**
  - District EMRS (Ambulance Services)
  - District Medical Officers
  - Regional and Tertiary Hospitals
  - Social Welfare
  - Community Support Groups
  - Agriculture
  - NGO's & CBD's
  - SAPS
  - Fire Department
  - District Municipality, Umdoni, Vulamehlo and umzumbe

## **UKHOKHWA KWEMALI YOKUSIZAKALA**

### **Ukukhokhwa kwemali kusukela ngomhlaka 1 November 2008**

<b>HO</b>	<b>Mahhala</b>
	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Abahola impesheni kuhulumeni</li> <li>- Abangasebenzi (UIF noma incwadi evela KuMnyango Wezabasebenzi)</li> </ul>
<b>H1</b>	<b>Umholo womuntu oyedwa R1 – R3600 ngonyaka</b> <b>Umholo womndeni R1 – R50 000 ngonyaka</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>- eOPD (R 20.00 ukubonwa)</li> <li>- Abalalisiwe (R 30.00 ukubonwa)</li> </ul>
<b>H2</b>	<b>Umholo womuntu oyedwa R36 001 – R70 000 ngonyaka</b> <b>Umholo womndeni R50 000 – R 100 000 ngonyaka</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>- eOPD (R65.00 ukubonwa)</li> <li>- eCasualty (R120.00 ukubonwa)</li> </ul>

- Abalalisiwe (R30.00 usuku)
- Esithombeni (R40.00 ukubonwa)
- Ukunakekelwa komlomo nomazinyo (R45.00 ukubonwa)
- Izinsiza zempilo ezengeziwe (R55.00 ukubonwa)
- Izinsiza zempilo ezengeziwe (Iqembu) (R45.00 ukubonwa)

### **ABAKHOKHA NGAMAKHADI OMSHWALENSE WOKUTHOLA USIZO LWEZEMPILO (MEDICAL AID)**

Iziguli ezingamalunga omshwalense wokuthola usizo lwezempilo kumele ziveze ama khadi nomazisi, imali izothathwa ngendlela okutholwe ngayo usizo.

### **AMAZINGA OKUSEBENZA**

Kuyo yonke imisebenzi yethu siyozama ngakho konke okusemandleni ukusebenzisa imigomo eyishumi nanye ye Batho Pele siphinde siqinisekise ukuthi amalungelo eziguli sihlangebazana nawo.

#### **IMIGOMO EYISISHAGALOMBILI YE BATHO PELE**

- **UKUBONISANA** nomphakathi namakhasimende ethi ngendlela efanele
- Sazise umphakathi namakhasimende ethu bazi nga**AMAZINGA NAMAQOPHELO EMISEBENZI ESIZA UMPHAKATHI** esisebenza ngaphansi kwayo
- Siqinisekise ukuthi wonke umuntu uyazi ukuthi **OBANI ABANGAHLOMULA** kuloluhlelo
- Sigcine **UKUPHATHWA KAHLE NANGENHLONIPHO** okuseqophelweni eliphezulu
- Sinikeze **ULWAZI** olugcwele ngosizo esinalo ngaphakathi
- **SISEBENZE NGENDLELA ESOBALA** kuko konke esikwenzayo
- sizoba nezindlela zokubhalisa nokudlulisa izikhalazo bese uthola uku **UKUNXEPHEZELA NOKUQONDISA UKUNGENELISEKI**
- Sizokunika usizo oluseqophelweni oluphezulu nongakwazi ukulukhokhela ukuze u**ZUZE UKWANELISEKA NEMALI YAKHO**
- Sizozama **UKUKHUTHAZA, UKUZITHUTHUKISA NOKUBONGA LABO ABASEBENZA NGOKUZIMISELA**
- Kumele konke esikwenzayo mayelana nayo yonke lemithetho **UMTHELELA KUMAKHASIMENDE**
- Abaholi bahlahla indlela bese behola ngokuba yisibonelo esihle emphakathini. **UBUHOLI NOMHLAHLANDLELELA**

#### **UNGALUTHOLA KANJANI USIZO KITHINA**

- Asikho isidingo sokuya esibhedlela uma wena noma omunye womndeni wakho egula. Kungcono ukuthi uye kumtholampilo oseduze nawe, uma kukubi, uzodluliselwa kithini.
- Uma udinga usizo oluphezulu esingenalo ngaphakathi, yithina esizokudlulisela esibhedlela esifanele.

## **IZOTHOLAKALA NINI IMIPHUMELA YOKUSEBENZA ?**

- Imiphumela yokusebenza izotholakala kwi Bhodi elengamele isibhedlela nomphakathi (Hospital Advisory Board) ekuqaleni konyaka (1<sup>ST</sup> of April)
- Eminye imiphumela yokusebenza iyochonywa kumabhodi ngaphakathi esibhedlela. Imiphumela iyohanjiswa komasipala besifunda suGu (uMdoni, Vulamehlo, Umzombe North) ukuze idluliselwe emphakathini.

## **AMAZINGA OKUNIKEZWA NGEZINSIZA**

### **Uma usishayela ucingo noma usibhalela siyokwenza lokhu:**

- Sizophendula ngaphambi kokukhala kocingo kahlanu siphinde silidlulisele kumnyango ofanele. Lowo ophendula ucingo noma ophethe udaba lwakho uzozichaza igama lakhe
- Sizoyamukela ngezandla ezimhlophe incwadi yakho futhi sibuye sikwazise ngokuqhubekayo ngodaba lwakho zingakapheli izinsuku eziyisikhombisa zokusebenza siyitholile incwadi yakho
- Siyokwazisa ukuthi impendulo egcwele uyoyithola nini
- Sizokunikeza imininingwane yomuntu incwadi yakho esuke edluliselwe kuye
- Siphinde silandele udaba oluvezile luze luphothulwe

### **Uma usivakashela siyokwenza lokhu:**

- Uzobingelelwa umsebenzi ozozisho igama lakhe nowaziwayo
- Ucelwe ukuba ushiye zonke izikhali konogada esangweni, kanye nezendabuko.
- Uzobhekwa onogada ukuqinisekisa ukuphepha kwabanye abangaphakathi (uma ungena noma usuphuma).
- Uzonikezwa usizo lwempilo olukufanele noma oludingayo.
- Uzosizwa umsebenzi owaziwayo ngegama ngoba bonke bayobe begqoke izigqebhezana ezinamagama abo ngaso sonke isikhathi
- Uzokuphathwa ngendlela ezothile nenenhlonipho ngaphandle kokubheka ukuthi uqhamuka kubuphi ubuhlanga, inkolo kanye namasiko.
- Uzonikwa lonke ulwazi oludingayo.
- Uzosizwa ngokunikwa izindawo eziphephile zokuhlala ngesikhathi usalinde usizo.
- Uzosizwa uthole indawo oyidingayo ngezinkomba ezibhaliwe.
- Uzothola usizo ngolimi oluzwayo.
- Uzokwaziswa ngabaphathi besibhedlela ngezithombe nemikhakha yabo echonywe odongeni
- Uzodluliselwa endaweni efanele mayelana nesimo sakho sezempilo.

Noma uluphi ulwengeza mbiko oluphuma kumphakathi lwamukelekile ukuze sithuthukise umsebenzi wethu. Uma unemibono, izikhalo noma izincomo, ungathintana noMxhumanisi sibhedlela, uNksz T Hadebe kulemininingwane ebhalwe ngaphezulu.

-----  
Mrs. S.P Nyawo  
uMphathi Sibhedlela

Usuku: ----- Usuku lokubuyekezwa: -----